# Kusolwa ushevu kushona izingane eMfolozi

NOKUBONGWA PHENYANE

USADIDEKILE umndeni wakwaMsweli, eBhubhubhu, KwesakwaMthethwa, eMpangeni, ngemuva kokuthi kushone izingane ezimbili okusolakala ukuthi zidle ushevu.

UThando (4) no-Emihle (3) bashone ngoMgqibelo, ngemuva kokuthi bephume beyodlala beqeda ukudla, nokuzwakale omunye wabo esekhala.

Umkhulu walezi zingane, uMnuz Bonginkosi Msweli, uveze ukuthi namanje basadidekile ngokubehlele njengoba bengazi namanje ukuthi izingane zidleni.

"Mina bengingekho ngiseThekwini, kukhona uhambo obelungithathile. Ngithole ucingo bengitshela ngalesi sehlo ngabe sengibuyela khona emuva.

"Uma bengichazela, bathi izingane bebeqeda kuzinika ukudla endlini zabe seziphuma zaya kodlala phandle. Bathe bezwe eyodwa kuzona ikhala nokuthe uma bebheka bafika omunye elele phansi ekhihliza amagwebu. Babe sebemthatha bamshiya lona okhalayo beyobheka ukuthi kwenzenjani," kusho uMsweli.

Uthe ngesikhathi sebethi bayobuza kulona omunye ukuthi kwenzakaleni, bamfica naye esephuma amagwebu emlonyeni, nokula bethathe khona isinqumo sokuthi babaphuthumise emtholampilo waseNseleni.

"Izingane bathi zaziphuma into engathi isa-anyanisi eluhlaza lapha emlonyeni nesingazi ngempela ukuthi ziyidle nini. Bathe befika nazo emtholampilo kwase kuzenele zombili. Okwamanje sisalinde umbiko kadokotela njengoba zisazohlinzwa ukuze kubhekwe kahle ngempela ukuthi kwenzakaleni," kusho uMsweli.

Okunye okunzima ngalesi simo, uthe ukuthi kuzobanzima ukuthwala izindleko zomngcwabo zabantu ababili.

"Umuntu eyedwa uyasinda uma edlulile emhlabeni, bebabili ke mina ngizobenza njani? Kulukhuni kakhulu, angazi nokuthi ngizothathani ngihlanganise nani," kusho yena.

UMeya waseMfolozi, uMnuz Xolani Bhengu, uthe nabo sibashaqe kakhulu lesi sigameko nangendlela izingane ezihambe ngayo emhlabeni.

"Kusithintile nathi njengomasipala ukuzwa ngalesi simo, konke sesikushiyela kuMdali okwamanje. Kodwa ngithi emndenini ningasuki kuNkulunkulu nasekukholweni. Bezisencane lezi zingane zombili futhi bekukuningi obekusalindeleke kuzona ngakho okwamanje sizogxila emthandazweni ukuze siduduzeke," kusho uBhengu.

NjengoMasipala uthe ngeke baze basonge izandla, bazolekelela ngakho konke umndeni okudingayo njengoba kungekho osebenzayo.



UMEYA waseMfolozi, uMnuz Xolani Bhengu, behambisana nobuholi obuhlukene khona ngesikhathi beyobhonga emswanini emndenini wakwaMsweli okushone kuwona izingane ezimbili isithombe: SITHUNYELWE



EMIHLE MSWELI



THANDO MSWELI

# Kusukunyelwe elinye igciwane elihlasela imfuyo

NOKUBONGWA PHENYANE

SEKUQALILE ukugonyelwa nokuqwashisa imiphakathi ehlukene KwaZulu-Natal kulandela ukuphinde kuvele elinye igciwane elifana nse namatele nalo elihlasela imfuyo, ikakhulukazi ezindaweni ezisondelene neziqiwi.

Leli gciwane kuvela ukuthi liqhamuka ezilwaneni ezifana nenyathi nezinye, okwenza lidlange kakhulu emfuyweni yasemakhaya.

UMphathiswa wezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya, uNkk Thembeni Madlopha-Mthethwa, ngoLwesibili uhambele endaweni yaseMachibini, eMtubatuba, nala athe bazoqwashisa ngaleli gciwane elifana nesifo esingamahlalakhona okungelula ukuliqeda.

Bathi kodwa njengoMnyango bazohambela imiphakathi ehlukene ukuthi bakhuthaze abafuyi ukuthi bagome imfuyo baphinde bakhuthalele ukuyidipha.

Kulo mbuthano uNkk Madlopha-Mthethwa uveze ukuthi sebelwe kakhulu negciwane lamatele njengoba belihlasele kulesi sifundazwe sonke.

"Sikhathazekile ngemiphakathi eyakhe eduzane neziqiwi ngoba umkhulu umsebenzi oyihlalele ukunakekela imfuyo. Kukhona amagciwane amakhulu angamahlalakhona atholwa yimfuyo ezilwaneni zasendle. Silapha ukuzoniqwashisa ngayo ukuthi niyinake njengoba iyingozi, imfuyo kumele ihlale igonyiwe futhi siyidiphe ukuze kuliwe nala magciwane. Siyaziqhenya kakhulu ngomsebenzi esiwenzile manje kwezinye izifunda ukujova imfuyo futhi umsebenzi wenzeke kahle. Ngakho sizothi kubafuyi sikhona njengoMnyango sizobasiza kakhulu abantu ekutheni bagome imfuyo yabo," kusho uKaMadlopha-Mthethwa.

Uthe ezindaweni okukhona kuzo uMtubatuba, Hlabisa, Vryheid, Dumbe basazozinza kakhulu kuzona ukubheka ukuthi kuhamba kanjani ukugonywa kwemfuyo.

"EMajuba naseMzinyathi kukuzona zombili izifunda esifuna ukugxila kuzo njengoba umkhankaso khona besingakawuqinisi. Manje sizoyogxila khona ukuze sitshele umphakathi ngokuqikelela ukuthi leli gciwane lingasabalali. Kulo mkhankaso kumele sibatshele abafuyi ukuthi abayeke ukususa imfuyo la bayiyise kwenye indawo ngoba yilokho kanye okusabalalisa leli gciwane," kusho yena.

Kule ndawo amalungu omphakathi akhale kakhulu ngokungabi nawo amanzi emakhaya.

Bathe akulula ukulima ngenxa yokuthi amanzi abanawo, kungakho kubonakala sengathi abakukhuthalele ukutshala.



UMPHAKATHI waseMtubatuba obuhambele umcimbi wokufukulwa kwabalimi nokuqwashiswa ngezifo namagciwane atholakala ezilwaneni zasendle naba nomthelela ongemuhle emfuyweni Isithombe: SITHUNYELWE




UMNUZ Mxolisi Mthethwa oyiMeya yaseMtubatuba, inhloko yoMnyango wezoLimo uDkt Fikile Qwabe noMphathiswa wezoLimo Thembeni kaMadlopha-Mthethwa ehambele eMtubatuba ngoLwesibili Isithombe: FACEBOOK

MAGZTER
MAGZTER
Clipped from Isolezwe - August 20, 2026
Read it digitally on the Magzter app